(CIB pdf formfields Demoversion)

IBhayibheli nemikhosi namadili alo

nguBen Khumalo-Seegelken

Imikhosi namadili akathathu:

1. Kunemikhosi namadili ahambisana nezikhathi zonyaka kanye nezenzakalo nemisebenzi yanyaka yonke - njengokuvuna, ukugunda izimvu, ukuhlakula.

2. Eminye imikhosi namadili iphathisene nezahlakalo empilweni yomndeni – ukukhunyulwa kwengane ebeleni, ukuqomisa, ukugodusa, isililo.
3. Kanti ke eminyeihambisana nezigigaba ezikhunjulwayo ezithintene nomphakathi noma nesizwe sonke – ukuhlengwa engozini, ukuhlaselwa yisomiso noma wulaka lwezitha, …

Kokunye ke umkhosi uthi uphathelene nesizwe sonke ube uhambisana nesehlakalo empilweni yomndeni othile noma kambe nesenzakalo saminyaka yonke.

Emikhosini nasemadilini okukhulunywa ngawo ebhaybhelini nanka esemqoka:

°isabatha (usuku lokugicna kweviki), Lev 23,3;

°ukwethwasa kwenyanga (usuku lokuqala lwenyanga), Num 28,11;

°ukwethwasa konyaka (usuku lokuqala onyakeni), Lev 23, 23-25;

°umkhosi wesinkwa esingenamvubelo (ekuqaleni kwesivuno sikakolweni, emva komkhosi wePhasika), Eks 12, 15-20;

°umkhosi wePhasika (ngenyanga yokuqala ngolweshumi nane kusihlwa), Eks 12,1-14; Lev 23, 4-8;

°umkhosi wokweshama/"uZanhleni?" (isivuno samabele/sikakolweni ezinsukwini ezingamashumi amahlanu emva komkhosi wesinkwa esingenamvubelo), Lev 23, 15-22;

°usuku olukhulu lokubuyisana (izinsukuezinhlanu ngaphambi komkhosi wamadokodo), Lev 16, 2-34; 23,26-32;

°umkhosi wamadokodo (ekuqedeni ukuvuna izithelozomvini nezama-oliva, kusukela mhla ka-15 kuya kumhla ka-22 enyangeni yesikhombisa – uSebthemba/Okthoba), Lev 23, 33-36.39-43;

°umkhosi wokucandulwa kwethempeli (isikhumbuzo ekucandulweni kweThempeli ngonyaka wekhulu namashumi ayisithupha nane engakazalwa uJesu, 164 B.C.; evikini lomhla ka-25 wenyanga yesishiyagalolunye – uNovemba noma kambe uDisemba), 1 Makk 4, 36-59;

(CIB pdf formfields Demoversion)

°umkhosi wePhurimi (mhla ka-14/15 enyangeni yeshumi nambili – uFebhwari noma kambe ke uMashi), Est 9,20-32;

°unyaka weSabatha (njalo nje ke eminyakeni eyisikhombisa), Lev 25, 2-7;

°unyaka wenhlokomo/weJubhili (njalo nje ke eminyakeni engamashumi amane nesishiyagalolunye), Lev 25, 8-31.

Dr. Ben Khumalo-Seegelken
Convenor: „biblia zuluensis“
KwaMachanca
Alte Ziegelei 4
D-26197 HUNTLOSEN
eJalimane/Deutschland

Tel/Fax 00 94 – 44 87 – 75 02 85
khumalo-seegelken@t-online.de

ngoJanwari 1996